

Isolezwe
liwela umfula ugweleTERTIARY π TIMES

IKhwaya yase-UNIZULU ijabulela ukuqokwa kuma-SATMA Awards

IZISHAYA isifuba iKhwaya yase-University of Zululand (e-UNIZULU) ngemumva kokuqokwa emunxeni i-Best Traditional Dance Group kuma-South African Traditional Music Achievement Awards (SATMA) esi-14 ebanjelwe eMmabatho Convention Centre e-North West ngoMgqibelo odlule.

Lo mncintiswano owasungulwa ngo-2006, uwumqhudelwano omkhulukazi obungaza umculo, isiko namagugu esintu ezwekazi. Inhlosongqangi wukuhlomisa abaculi namaqembu oculo wesintu, ukugcina nokuvuselela amagugu namasiko e-Afrika yonkana naphesheya kwezilwandle imbala.

Emunxeni ebiqokwe kuwo iKhwaya yase-UNIZULU, ibiqhathwe namanye amaqembu omdanso. Ikhethwe ngemumva kokubhekwa yithimba lamajaji elibheke



IKhwaya yase-UNIZULU ihambela phezulu ngemumva kokuqokwa kuma-SATMA Awards emunxeni i-Best Traditional Dance Group.

umculo neminyakazo yayo.

Ekhulumela ikhwaya, umbhidi wayo uBhekani Buthelezi uthe kumnandi ukubonwa kwamagalelo abo kulo munxa, wengeza ngokuthi ukukhethwa kukodwa kusho lukhulu.

“Siyaziqhayisa ngomsebenzi wethu ngoba siyakwazi esikwenzayo. Siyaqonda ukuthi uma sisesteji, senza konke ngendlela efanele. Akusiwo amaphimbo kuphela, kodwa futhi indlela esinyakaza nesibukeka ngayo ishaya khona.

Yingakho sizikhandla uma senza into yethu,” kusho yena.

Uthe okunye okwenza ikhwaya yase-UNIZULU yehluka ezimbangini zayo wukuthi ikwazi ukwenza izinto eziningi nendlela ethatha umculo ngayo. Izingoma ezikwi-albhamu

yokuqala yayo yingxube yomculo omtoti kusukela ezingomeni ze-gospel, imibholoho, i-Afro pop nomaskandi.

“Ukukwazi ukwenza yonke into yiyona mfihlo yethu. Njengekhwaya isisekelo sethu wumculo we-classic. Kuyasiza lokho uma usushintshela kwezinye izinhlobo zomculo. Besingafaka umculo wamakhwaya kuphela ukube besithanda kodwa senze ngamabomu ukuthi sifake nezinye izinhlobo zomculo ukunika inselelo. Ukufaka nemidanso kube yibhansela,” kusho uButhelezi.

Wethemba ukuthi lokhu kuqokwa kwekhwaya kuzobavulela amathuba amaningi okucula nabanye abaculi abadumile emhlabeni.

UButhelezi uphethe ngokubonga abantu base-UNIZULU ngokubeseka kuyo yonke le minyaka.

I-UNIZULU imagange ukuba nengqungquthela ye-nuclear physics

I-UNIVERSITY of Zululand (i-UNIZULU) izibheke ngamehlo abomvu izigaba nezingxoxo zezesayensi ezizumkhombandlela ezizoba khona kwi- 9th Tastes of Nuclear Physics, ingqungquthela yamazwe ngamazwe emhlabeni echaza ukubaluleka kwe-nuclear physics nezindlela esetshenziswa ngazo.

Le ngqungquthela izobanjwa kuleli sonto e-Premier Hotel The Richards e-Richards Bay.

Le ngqungquthela yaminyaka yonke eba khona izinsuku ezinhlanu, i-Tastes of Nuclear Physics ihlose ukukhuthaza izitshudeni ukuthi zifinyelele ezingeni lazo eliphelele emsebenzini wazo wokufunda nowokwenza ucwaningo ngokuhle abafundisi abasezingeni lomhlaba ukuthi bazochushisa abafundi ngezihloko ezinohlonze endimeni ye-applied nuclear physics. Ngokwenze njalo, izitshudeni zingakhanyiseleka ngamathuba amasha ocwaningo nezinto ezisezingeni lomhlaba.



Izithunywa ezazikhona engqungqutheleni i-Tastes of Nuclear Physics e-University of Western Cape ngonyaka odlule.

Le ngqungquthela yesishiyagalolunye ihlelwe yi-UNIZULU ngokubambisana ne-University of Western Cape (UWC). USolwazi Sifiso Ntshangase ofundisa emNyangweni weze-Physics nezobuNjininiyela, nonguSihlalo wekomiti elihlela ingqungquthela, ebambisene noSolwazi u-Nico Orce ovela

e-UWC, uthe ingqungquthela yakulo nyaka izoba mnandi.

Engqungqutheleni kuzoba nezifundo lapho wonke umuntu ebamba iqhaza khona ezizokwethulwa yizikhulumi zakuleli nezaphesheya kwezilwandle, kube nezithangami zokucijana kuphinde kube nezinkundla lapho izitshudeni ezenza

izifundo ze-honours, master's nezobudokotela kulo mkhaka zithekela khona ulwazi kongoti abazobuyekeza umsebenzi wocwaningo wezitshudeni.

“Sinezithunywa ezihlukene ezivela ezikhungweni zemfundo ephakeme zakuleli nezaphesheya kwezilwandle ezizoba khona, zibambe iqhaza engqungqutheleni. Kuzoba

nezifundo zomphakathi ezehlukene ezizokwenziwa wongoti kulo mkhaka. Esinye sezifundo sizokwethulwa wuSolwazi Eric Norman wase-University of California, e-Berkeley eMelika. Uzodingida isihloko se-Neutrino Physics. Kuzoba nezinye izifundiso ezizothulwa u Prof Amo Jordaan no Prof Azinnwini Muronga,” kusho uSolwazi Ntshangase.

Lo solwazi uthe ekubeni nale ngqungquthela wethemba ukuthi bonke abazoba khona bazohlomula kakhulu ngolwazi okuzocotshelwanga ngalo. I-nuclear physics ingasetshenziswa ezindaweni eziningi njengasekucwaningeni ngamanyela nasekwelapheni umdlavuzi, ngakho kumqoka ukuthi izethameli zifunde izindlela zokuzibenza kwayo.

Njengoba i-UNIZULU ingenye yabakhiqizi abakhulu bezitshudeni ze-nuclear physics ezweni, uSolwazi Ntshangase uhlose ukwazisa izithunywa ngesiko locwaningo nelokusebenza kwalesi sikhungo.

UKUGQUGQUZELEKA
KABUSHAUKUHLUMELA
KABUSHAUKUVUSELELEKA
KABUSHAUKUZIGQAJA
NGOBU UNIZULU

Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za

I  UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha
ukuhambisana nesimanje

Iiwela umfula ugqwelwe
Isolezwe**TERTIARY π TIMES****Kukhiqizwa abacwaningi nabahloli abanothonze ezweni**

UKUSABELA kwikhwelo likaNgqongqoshe wezeMfundo ePhakeme lokwandisa isibalo sezifundiswa ezinamajazi e-Master's nawobudokotela kanye nesabahloli bocwaningo abanothonze namabhuku amaphepha ocwaningo, i-University of Zululand (i-UNIZULU), ihlanganyele ne-South African Technology Network (i-SATN) isanda kuqeqesha kabanzi ithimba labacwaningi bangomuso.

I-SATN Capacity Enhancement Programme ethathe isonto lonke ibingeyokuqala kwamaningi azokwaziwa ngo-2019 nango-2020.

Izinhlelo ze-SATN zenziwe, zahlolwa, zaphuculwa yithimba longoti bakuleli nabaphesheya kwezilwandle ukuthi zihambisane nezinga "lezingo zokuqeda ngesikhathi", ikakhulu ohlotsheni lwamanyuvesi esimanje namanyuvesi obuchwepheshe. Eminyakeni emithathu edlule, i-SATN yenza izinhlelo ezinje, imiphumela nezithelo kuthiwa kukhulu kakhulu.

Injongo yezinhlelo ze-SATN wukuphucula umsebenzi wokufundisa nowokucwaninga wamanyuvesi, ukunika izifundiswa ithuba lokuthi ziphucule ulwazi lwazo lwezindlela zokucwaninga emikhakheni yazo, ukuphucula amakhono okuhlola ucwaningo lwezitshudeni abazelusile nokuqinisekisa ukuthunyelwa kwamaphepha ocwaningo



Izisebenzi zase-UNIZULU okucijwe amakhono azo isonto lonke kwi-SATN Capacity Enhancement Programme.

asezingeni eliphezulu emabhukwini ocwaningo ahlonishwayo.

Enkulumweni yalo yokwendlalela, iPhini Vice-Chancellor lezokuFundisa nokuFundisa uSolwazi Mahlomaholo Mahlomaholo libalule ukuthi i-UNIZULU ikhiqiza isibalo esibonakalayo sezitshudeni ezinamajazi obudokotela emikhakheni yazo minyaka yonke.

"Abafundi beziqo zobudokotela emikhakheni yabo baphucula izinga lomkhiqizo wocwaningo wenyuvesi njengoba izitshudeni eziningi ezithweswa amajazi ziba ngabafundisi abanothonze, abanamakhono aseqophelweni eliphezulu," kusho yena.

Ngesikhathi sokuqeqeshwa izethameli zihlukaniswe amaqembu amabili ngokwemikhakha yezihloko ezizithandayo. Ngemva kwalokho,

abacwaningi bethule imibono yocwaningo lwabo esithangamini esivulekile lapho bebuzwe imibuzo nabo bathola ithuba lokubuza.

Uhlelo lokuqala lokwethula isihloko socwaningo luhlukene kasithupha lapho kufundwa enyuvesi khona kuthi okunye kufundwe nge-internet. Luthatha iminyaka emibili lapho kucwaningwa ulwazi olutholakele.

Lune-Embedded Supervisor Enhancement Programme kanti igxile endleleni yokudala amathuba okuxhumana ngokwezifunda, ngokukazwelonke nangokwasemhlabeni emkhakheni owoodwa. Loluhlelo luholwa yizifundiswa ezihlonishwayo kuzwelonke nasemhlabeni.

Uhlelo lwethulwa ngendlela entsha ewunxantathu lapho ofundayo, ohlola ucwaningo nowekelelayo besebenza ndawonye endaweni yokufunda

ebahlanganisayo. Ngaso sonke lesi sikhathi uhlelo luhlanganisa imikhakha eminingi kodwa exhumene ehlohlwayo, ibhekwe.

USolwazi Ahmed Wade obemele i-SATN uthe loluhlelo luhlose ukukhiqizwa kwebhuku oluzonikeza isitshudeni ngasinye ithuba lokukhiqiza okungenani iphepha elilodwa locwaningo olusezingeni eliphezulu.

"I-SATN inobudlelwano ne-International Journal for Science, Technology and Society kanti abacwaningi bazokhuthazwa ukuthi bathumele amaphepha abo ocwaningo kuyo. Uma kubhekwa ukuthi alukho uhlelo lokuqeqesha abahloli olukhona nokuthi kunesomiso sabo eNingizimu Afrika, i-Embedded Supervisor Enhancement Programme ngeke igcine ngokwenza ukuthi kubenodokotela eminyakeni emithathu kuya kwemine

kodwa futhi izokwenza ukuthi abahloli abakhona bazi ngezindlela zokuhlola ezintsha ezisohlelweni," kusho yena.

UNomaswazi Dlamini, ofundisa emNyangweni wezePolitiki nezangaPhandle, obengomunye wabenza iziqu zobudokotela kulo mkhakha obekhona ohlelweni, uncome i-SATN ne-UNIZULU ngokuletha loluhlelo enyuvesi.

"Ngikholwa wukuthi sishintshile siyizitshudeni nabacwaningi abancane nabasha. Esikufunde lapha kuzokwenza abacwaningi nabahloli abasezingeni eliphezulu. Belilifishane isonto kodwa lithele izithelo kanti ngibonga lokho," kusho yena.

USolwazi Wade uthe ekupheleni kohlelo zonke izinqumo neziphakamiso kuzokwethulwa kwiNhlolo yeNyuvesi uSolwazi Xoliswa Mtose ukuthi akuhlaziye.

Kusetshenziswe ulwazi lwendabuko ukubhekana noguquguquko lwesimo sezulu e-Afrika

UMNYANGO wezeNdawo neziFundo zezeMvelo, ngokuhlanganyela nomNyango wezeSayensi yabaThengi, yase-University of Zululand (e-UNIZULU) isanda kuhlela isithangami sezindlela zolwazi lwendabuko, phecelezi i-Indigenous Knowledge System, eMhambi Lodge eRichards Bay.

UDkt Innocent Moyo, ongomunye wabahlali mncibi, wethule isithangami ngokubalula inhloso yaso athe wukubheka ukuthi izindlela zolwazi lwendabuko zingasiza kanjani nakangakanani ekubhekaneni nomphumela wokuguquguquka kwesimo sezulu, okufana nesomiso, emazweni amaningi ase-Afrika naseNingizimu Afrika imbala.

Lesi sithangami sivulwe wuSolwazi Gideon De Wet,

iPhini Vice-Chancellor: lezoCwaningo nokuSungula iziNto eziNtsha.

Izisebenzi zase-UNIZULU, izitshudeni ezenza izifundo ezelama iqhuzu lokuqala, inhlangano engenzi nzuzo iSiyazisisa Trust, i-Owen Sithole College of Agriculture namalungu omphakathi abawongoti ezindleleni zolwazi lwendabuko bebekhona ngobuningi babo kulesi sithangami.

Enkulumweni yakhe yokwendlalela, uSolwazi u-De Wet ugqizelele ubumqoka obungalethwa yizindlela zolwazi lwendabuko kwezokongiswa kwemvelo, ikusasa nezanga lempilo.

Uphinde wagqizelela ubumqoka bokuqinisa ubudlelwano phakathi

kwemboni, umphakathi nezikhungo zemfundo ephakeme ukunciphisa izinga lokungahambisani phakathi kokufunda nempilo. Uzame ukuphendula umbuzo othi inyuvesi ingaphilisana kanjani nemiphakathi ebhekene nezangozi ngezindlela eziningi.

Isikhulumi sosuku uDkt Komeine Nantanga, obemele iVice-Chancellor yase-University of Namibia, uqale ngokuhlaziya ukuthi abantu basezindaweni ezihlukene baseNamibia babhekana kanjani ngempumelelo nemiphumela yesomiso.

Usonge ngokubalula isidingo sendlela ehlanganisa imikhakha ehlukene kodwa esebenzisanayo ocwaningweni ngezindlela zolwazi lwendabuko ukubhekana nesomiso. Izithunywa zase-

Human Sciences Research Council nezase-South African Weather Service zikhombise ukusebenza kwezindlela zolwazi lwendabuko ekulweni nesomiso nokuphucula isimo sokulima ukudla.

Izethameli zincome lesi sithangami ngokuzicija kangcono ngamakhono okukwazi ukubhekana nocwaningo ngesimo solwazi lwendabuko. Zithakase kakhulu izethameli, okugqame ngezixoxo ezibe khona.

USolwazi Unathi Kolanisi, iPhini Dean kwi-Faculty yezeSayensi nezoLimo, ugqizelele isidingo sokubhekisa izindlela zolwazi lwendabuko njengengonye indlela engasebenza ekukhiqizeni ukudla ezwekazine lase Afrika, ikakhulu kulabo abakhahlanyezwe yisomiso.




USolwazi u-Unathi Kolanisi, iPhini Dean le-Faculty yezeSayensi nezoLimo, ebonga ngesipho uDkt Komeine Nantanga, wase-University of Namibia, ngemva kwenkulumo yakhe esithangamini ngezindlela zolwazi lwendabuko i-Indigenous Knowledge System Workshop ebihlelwe yiminyango wezeNdawo neziFundo zezeMvelo nowezeSayensi yezabaThengi yase-University of Zululand.

UKUGQUQUZELEKA
KABUSAUKUHLUMELA
KABUSAUKUVUSELELEKA
KABUSAUKUZIGQAJA
NGOBU UNIZULU

Joyina ikhasi lethu kuFacebook
uphinde usilande kuTwitter

www.unizulu.ac.za



UNIZULU



**UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU**

Kuhlelwe kabusha
ukuhambisana nesimanje